



INGEDE

November 2007, Vol. 10, No.2



UMSHINI OMUSHA OSETSHENZISWA EKUHLAHLIENI UMOBA OBIZWA NGE-“CANE THUMPER”

Ukugawula umoba kuwumsebenzi onzima ingakho nje kungelula ukuthola abagawuli/abagenci bomoba unyaka nonyaka. Noma kunjalo, kunesibalo esikhulu sabantu abangenamakhono abangaqashiwe abangakuthola kuyindlela emukelekayo futhi enembuyiselo ukusebenzisa lomshini uma kuhlahlwa umoba.

Ukusebenza kwalomshini kudinga umqhubi kanye nabanye abasebenzi abambalwa njengoba sibona kulesisithombe esingehla.

Lomshini uthatha indawo yokugawula/genca umoba okungumsebenzi onzima ophula iqolo ekuhlahleni kanti uthola/thatha isikwata sawo kubasebenzi abavele bekhona. Lomshini awenzi abantu balahlakelwe umsebenzi wabo kodwa uqeda lesigaba sokugawula kuphela.

Umoba isitshalo esinenzuzo kodwa kunzima ukusihlala futhi kudinga uwugawulele/uwugencele maphansi maqondana nomhlabathi njengoba ushukela omningi utholakala maphansi nesiqu. Ubude besiphunzi esisalayo uma umoba ugawulwe ngesandla silinganiselwa ku 22-30mm kanti uma usikwe ngalomshini silinganiselwa ku 16-25mm, ngaleyondlela ukusebenzisa lomshini kunciphisa ukulahleka/ukusala koshukela ensimini.

Ukusika kwalomshini kuseqophelweni eliphezulu futhi akukaze kuholele ekuncipheni noma ekwehleni komoba ensimini kanti kunjalo nje futhi ukuhluma komoba osikwe ngalomshini akuhlukile kogawulwe/gencwe ngesandla, wonke uhluma ngokufanayo.

Awukho futhi umehluko ngokwezininga lokugawula/sika phakathi kokuhlala umoba ophundliwe/hlutshiwe noshisiwe. Nokho umfutho/ijubane lokusika umoba ophundliwe liyehla ngenxa yemfucuzo eningi.

Umthamo womsebenzi owenziwa yilomshini awuhluki kakhulu uma usika umoba ongawile onesivuno esiphakathi kwamathani angama-40 kuya kwangama-80 ngehektare kodwa uma isivuno sesiba ngaphezulu kwamathani angama-80 ngehektare futhi umoba uwile, umkhiqizo/umsebenzi owenzayo uyehla ngenxa yokuthi kunomsebenzi omningi nokuthi futhi abalalisa/takisha umoba osusikiwe bayashesha ukukhathala.

Ngokwesilinganiso esihle, isikwata sabantu abayisihlanu singahlala indawo engaphansana kwehektare (0.8ha) ngosuku esilinganiseni sendawo ekhiqiza amathani angama-70 ngehektare (70tc/ha).



“Cane Thumper” kanye nomqhubi wayo nesikwata kusikwa umoba, (esithombeni esincane esiphakathi) ubude beziphunzi ezisalayo lakusike khona lomshini (i-Cane Thumper).

Umpumela womsebenzi owenziwe endaweni esogwini oluseNingizimu nesifundazwe ukhombisa ukuthi isidingo sabasebenzi siyefana uma usebenzisa lomshini noma kugawula abantu kodwa loku kuvula kakhulu ithuba lokusebenzisa abesifazane.

Isikwata salomshini sima kanje:

Umqhubi womshini: owesilisa oyedwa

Abataka/lalisa umoba: 4 – 5 abesifazane

Abanquma amathophisi: 1 – 2 abesilisa/sifazane

Emobeni onesivuno esiphansi ezindaweni ezingamathafa, ungakwazi ukusebenzisa abasebenzi abane abataka/lalisa umoba noyedwa onquma amathophisi. Ezindaweni ezehlelayo, ukuze umshini usebenze kahle kudingeka ube nababili abanquma amathophisi ukuze omunye abhekane nokugawula lapho umshini ungakwazi ukusika umoba khona njengalakanamatshe khona nalasemngceleni wamasimu.

Izindleko zokusebenza kwalomshini zingehlukahluka ngenxa yomhlabathi, ukutshika kwendawo, ukugqagqana kwamalayini omoba, nokunye.

Izindleko zokusebenza kwalomshini ngethani lomoba.

Ubukhulu Bendawo Ehlahlwayo	Amathani Ahlahlwayo Ngosuku	Amathani Ahlahlwayo Ngehora	Izindleko Ezididiyelwe Ngethani Lomoba
0.60ha	45.0	5.88	R 15.67
0.70ha	52.5	6.86	R 13.43
0.80ha	60.0	7.84	R 11.75
0.90ha	67.5	8.82	R 10.45
1.00ha	75.0	9.80	R 9.40
1.10ha	82.5	10.78	R 8.55

Izindleko ezicaziwe uma kuhlahlwa indawo engaphansana kwehektare (0.8ha) ngosuku, kunqunywe amathophisi bese kulaliswa/takishwa umoba kolayini zimi kanje:

Izindleko	Nge-Hora	Nge-Thani
Zokuba/khokhela umshini	R21.65	R 2.76
Zokusebenza komshini	R27.71	R 3.53
Zabasebenzi	R42.81	R 5.46
ISAMBA	R 92.18	R 11.75

Ukuthola ulwazi olwengeziwe ngalomshini, xhumana nalaba:

Bruce Anderson (Marketing Manager)

Cell: +27 82 – 497 6128

Email: banderson@cse.co.za

www.canethumper.com

Abakwa-Northmec & New Holland yibo abadayisi balomshini ezindaweni ezise-Ningizimu nasoGwini oluseMpumalanga ye-Afrika.

ngu Peter Lyne, Principal Engineer.

IZINHLOBO EZINTSHA ZOMOBA

Zintathu izinhlobo ezintsha zomoba ezisanda kudedelwa/kukhishwa abesikhungo sezocwaningo kwa-SASRI. Lezizinhlobo zingo N46 olungele izindawo ezinenkasa ezisenyakatho, u N47 olungele izindawo ezisogwini/ezigudle ulwandle kanye no N48 olungele izindawo ezimaphakathi nezwe.

U N46 – wezindawo ezinenkasa zasenyakatho

U N46 wenza kangcono esivunweni kunezinye izinhlobo uma uvunwe ngenkathi isikhathi sokuhlala sesiya ngasekupheleni (September/Mandulo kuya ku-October/Mfumfu), ebese wenza kahle kakhulu uma uvunwa ekupheleni kwesikhathi sokuhlala (November/Lwezi kuya ku-Zibandlela/December). Isivuno somoba siyafana etshalweni nakumahlumela amathathu. Okunye ngo N46 ukuthi uyazwela uma kunomswakamo onganele emhlabathini. Kolunye ucwaningo olwenziwa eMpumalanga lapho insimu ingachelelwanga/niselwanga khona kwatholakala ukuthi isivuno sibi. U N46 unezimpawu ezifanayo nezomzali wawo uN25. Uqhuma futhi uhlanganisa kahle, uneziqo eziningi futhi ezinde. Ngenxa yalokho kuyenzeka uwe uma isivuno siphezulu. Lenhlobo iyamelana nesifo umabalabala (mosaic) futhi imelana kangcono nesiwumba (smut) kuno N25.

U N47 – wezindawo ezigudle ulwandle

U N47 wenza kangcono emhlabathini ongemuhle ezindaweni lapho kuhlahlwa khona ezinyangeni eziyi 15 kuya kweziyi 18, futhi isivuno siya sibangcono kwihlumela lokuqala nelesibili. Lenhlobo inoshukela omningi. U N47 awenzanga kahle njengezinye izinhlobo ngaphansi kwezimo zokukhula komoba ezinhle. U N47 unendlela yokukhula efanayo neyomzali wawo okungu N12, uyaphuza ukuqhuma nokuhlanganisa kodwa uyaxhanta. U N47 unakho ukumelana nesihlava (eldana) kodwa umelana kakhulu nesiwumba (smut) kanye nomabalabala (mosaic) kuno N12.

U N48 – wezindawo ezimaphakathi nezwe

U N48 une RV ephezulu uma uhlahlwa emva kwezinyanga ezingamashumi amabili (20) ezindaweni ezimaphakathi nezwe. Lomoba unoshukela ophezulu kunezinye izinhlobo ezinconyiwe kulezizindawo. U N48 awunazo iziqu eziningi ezinkulu futhi unomkhuba wokukhula uthi ukuvuleka kancane, ufana nomzali wawo u CP70/1133, ngenxa yalokho unomkhuba wokuwa uma isivuno somoba siphezulu. Umelana nezifo ezinjengo mabalabala (mosaic) futhi umelana kangcono nesiwumba (smut) kanye nesihlava (eldana) kunezinye izinhlobo zalezizindawo.

ABALIMI BOMOBA, UMKHIQIZO NEZINGUQUKO EKUPHATHWENI KOMHLABA

I mboni kaShukela yase Ningizimu Afrika isahamba ngokuyiko ekufezekiseni iphupho/ isidingo sika-Hulumeni sokuthi ngonyaka ka-2014 ingxenye elinganiselwa emaphesentini angu-30 (30%) yomhlaba onabanikazi ube ususezandleni zabalimi abansundu.

Izinguquko ekuphathweni komhlaba nokubuyiselwa kwawo kulabo abaphucwa /abasuswa kuwo phambilini kuyinto ekhona eyenzeka ngempela eNingizimu Afrika futhi loku kuzoveza amathuba kulethe nezinsalelo ngokufanayo kubanikazi abasha nakulabo abahlinzeka ngosizo embonini.

Akungabazeki ukuthi izinkampani zemishini kashukela eziningi eNingizimu Afrika zibhekene nenkinga yokushoda komoba emishinini/ ezigayweni zabo futhi lokhu kunomthelela kwinzuzo/mbuyiselo eyehlile ezimalini zabo abazitshale kulezizigayo njengoba izindleko zokukhiqiza zinyuka kanti umkhiqizo wona ube wehla.

Ukufakelwa noma ukungena komoba emshinini/esigayweni kuyinto ebucayi kakhulu ebhekwayo ngenkathi kuthathwa izinqumo uma ukuvalwa komshini kuyinto enokwenzeka.

Iningi labanikazi bamapulazi abasha bayakuqala ngqa ukuba ngabalimi ezimpilweni zabo ngaleyondlela badinga ukunakekelwa okunzulu ukuqinisekisa ukuthi umhlaba lowo asebewuthengile uyaqhubeka nokukhiqiza ngendlela, ngaleyondlela loko kunciphisa amathuba okuthi imishini kashukela/izigayo zomoba zivalwe. Ukufaka umanyolo kanye nokunqanda ukhula yizona zinto ezibaluleke kakhulu ezingaqinisekisa ukuthi ubanayo/ uyayibona imbuyiselo emalini oyitshale kulelopulazi. E Ningizimu Afrika kunesidingo esikhulu sokuthi abalimi bahlale/bazigcine bengabalimi futhi baphumelele ekusebenziseni ngokusemazingeni aphezulu umhlaba oyisiz-

inda esinqabile futhi bawusebenze ngendlela ezoqinisekisa ukuthi ulondolozekile futhi uhlala ukhona isikhathi eside usesimweni esihle. Abalimi bayalulekwa ukuba baqinisekise ukuthi izindlela zokulima ezejwayelekile ziyasetshenziswa ngaphambi kokujaha ukufuna ulwazi/ubuchwepheshe obusha obuphambili. Isikhungo sezocwaningo lwezomoba esise-Mandaskomu (SASRI) sinethimba labeluleki abangochwepheshe kwezomoba abangakwazi ukukusiza ngezuleleko eziphathelene nokukhiqizwa komoba ongazidinga njengomlimi. Enza isiqiniseko sokuthi laba beluleki uyabasebenzisa, landela/sebenzisa izeluleko zabo ngesikhathi esifanele ngaleyondlela ibhizinisi lakho liyokuzuzisa.

UKUTHOBELA UMTHETHO WOMLIMO WAMADLELO NAMAHATHI WONYAKA U -1998

Emhlanganweni wozihlalo bamakomiti ezeMvelo obubanjelwe Emhlali, enhlanogu lakwa-KwaZulu-Natal ngenyanga efile (uMfumfu) obekuthulwa kuwo izinkulumo ngaboMnyango weZindaba zaManzi namaHlathi (Department of Water Affairs and Forestry - DWAF) kanye nabe nhlangano yokuqapha umlilo ebizwa nge KZN Fire Protection Association (FPA), kuphakanyiswe izinyathelo ezithile ezizonika amandla amalungu emboni kaShukela ukuba akhulume ngokuphathwa komlilo emobeni ngesikhathi kuhlahlwa ngokuhambisana nemithetho ka-Hulumeni emisiwe.

Lokhu kumbandakanya izincomo ezenziwe zokuthi imikhandlu yabalimi bendawo nendawo (Local Grower Councils) ibheke ukuthi zingasunguleka kanjani lezinhlango zokuqapha umlilo (Fire Protection Association) ezindaweni zabo ngokwehlukana kwezigayo-zomoba/kwemishini abathuthela kuyona umoba. Uma ikhona inhlangano eseyasungulwa noma esasemgudwini wokusungulwa, kudingeka ukuthi bonke abalimi abalima emhlabeni okungowabo/onetayitela

kanjalo nalabo abalima ezindaweni zamaK-hosi bazibandakanye nayo ngokuba babe ngamalungu ayo.

Ukuhlomula kwamalunga alezizihlangano (FPA) ukukwazi ukubeka imigomo nemithetho ephathelene nokushiswa komlilo futhi bakwazi ukuqoka umuntu ozoba uMqaphi womlilo (Fire Protection Officer-FPO) ozoqondisa/ abhekane nako konke okumayelana nokushiswa komlilo okwenzeka emhlanganweni leyo azobe eqokwe kuyona. Uma uhla lwamazinga obungozi bomlilo selucutshunguliswe kahle, ukushiswa komlilo kungaqondiseka kalula, ngemvume, ngaphansi kwezimo zobungozi bomlilo wequbula.


Inhlangano kaShukela yaseMzansi Afrika (SASA) iyosiza ngokuxhumana nokuxoxisana nabe KZN FPA kanye ne DWAF ukugqamisa/ ukuphakamisa ubuhle nokuzuzwa kwalezihlangano (FPA's) mayelana nemibiko nangolwazi ngesimo sezulu kanye nezinhlelo zokulwa nomlilo futhi bavuselele imigomo yokushiswa komlilo ukuyenza ihambisane nemithetho nemigomo emisha ebekiwe.



YAZI ABELULEKI BAKHO BOMOBA

Ake ubuke lelisondo elinezithombe, thola isigayo sakho bese uthola umeluleki wakho

Surname	Initials	Mill Area	SubDistrict	Office Tel No.
North Coast Region – Phewa FB				
Mncube	SE	Ushukela (Gledhow)	Maphumulo	032 481 2008
Vilakazi	SF	Ushukela (GH)	Maphumulo	032 481 2008
Ndlovu	PO	Ushukela (GH)	KwaDukuza	032 5525 302
Myeni	NP	Darnall	KwaDukuza	032 5525 302
Khoza	LR	Ushukela/Maidstone	KwaDukuza	032 5525 302
Magwaza	L	Maidstone	Ndwedwe	032 533 4018
Phewa	TC	Maidstone	Ndwedwe	032 533 4018
Sibiya	KE	Maidstone	Ndwedwe	032 533 4018
Shange	MN	Maidstone	Durban Metro	031 3022 800
Zululand North Region – Neen JL				
Madondo	SE	Felixton	Umhlathuze	035 794 2381
Hadebe	TC	Felixton	Umlalazi	035 474 5329
Nzuza	DM	Felixton	Umhlathuze	035 794 2381
Zikhali	SJ	Phongola	Jozini	035 572 1280
Mzobe	SF	Felixton	Umhlathuze	035 794 2381
Chiloane	MR	Pongola	Simdlangentsha	034 4131 370
Mthembu	PN	Felixton	Mthonjaneni	035 450 2121
Dlamini	CP	Felixton	Umhlathuze	035 794 2381
Zungu	WK	Ushukela (Umfolozi)	Hlabisa	035 838 1044
Zululand South Region – Masondo TR				
Mthethwa	SV	Amatikulu	KwaDukuza	032 5525 302
Nkwanana	GV	Amatikulu	KwaDukuza	032 5525 302
Ncwane	NP	Amatikulu	KwaDukuza	032 5525 302
Dludla	M	Amatikulu	Umlalazi	035 474 5329
Zungu	BI	Amatikulu	Umlalazi	035 474 5329
Sangweni	SJ	Amatikulu	Umlalazi	035 474 5329
Durban South & Midlands Region – Gillespie W				
Zondi	SE	Eston	Umkhambathini/ Richmond	033 347 621
Mdunge	GM	Noodsberg	Umshwati	033 347 6216
Sithole	BW	Noodsberg	Umshwati	033 347 6216
Manci	BG	Sezela	Vulamehlo	039 974 0141
Mathe	B	Eston	Durban Metro	031 915 0044
Mthiyane	MS	Eston	Vulamehlo	039 974 0141
Shongwe	JB	Sezela/Umzimkhulu	Umzumbe	039 699 1761



UMFELANDAWONYE



Phakathi koMnyango weZolimo Kahulumeni (KZNDAEA no MPDA) Nenhlango kaShukela (SASRI)





South African Sugarcane Research Institute

Unlocking the Potential of Sugarcane

170 Flanders Drive, Mount Edgecombe, KwaZulu-Natal Telephone: 031-508 7400 Facsimile: 031-508 7597 Website: <http://www.sugar.org.za>



January / Masingana 2008

S	M	T	W	T	F	S
		1	2	3	4	5
6	7	8	9	10	11	12
13	14	15	16	17	18	19
20	21	22	23	24	25	26
27	28	29	30	31		

- Uma kunohlelo, umsebenzi uhamba kahle. Ngakhoke, qala wakhe uhlelo lomsebenzi ngaphambi kokuvulwa kwesizini etsha
- Hlela nabakwa P&D ukuba bakhulolele imbewu yakho njengoba isifo uMbasha (RSD) siyinkinga. Hlela ukuhlolwa kwamasisu azobulawa umoba ukuze uma enalesifo angatshalwa lutho/aphunyuzwe
- Umoba ukhula kahle kulenyanga ngakhoke ungawubambezi ngokungawuhlakuli nokuphuza ukuwufaka isikhuthaza

February / Nhlolanja 2008

S	M	T	W	T	F	S
					1	2
3	4	5	6	7	8	9
10	11	12	13	14	15	16
17	18	19	20	21	22	23
24	25	26	27	28	29	

- Uhlelo lwesizini ezoqala kumele ngabe selumi ngomumo. Ingabe usuqalile ukwenza izinhlelo zokuhlala nezokuvuselela amasisu?
- Bheka uhlelo lakho lokuvuselela amasisu, uqinisekise ukuthi unembewu eyanele futhi esezingeni
- Gcina imigwaqo, izitubhe, amabhande omlilo nemigudu yamanzi ihlanzekile noma inotshani obusikiwe/fishane

March / Ndasa 2008

S	M	T	W	T	F	S
30	31					1
2	3	4	5	6	7	8
9	10	11	12	13	14	15
16	17	18	19	20	21	22
23	24	25	26	27	28	29

- Lena inyanga yokugcina ongefutha ngayo iRound-up ukuqinisekisa ukuthi umoba omdala uyafa-fi uma uzosebenzisa uhlelo lokutshala ungalimanga (minimum till)
- Khumbula izilinganiso zomoba ozohlalwa ziyadingeka ukuphela kwalenyanga
- Uma utshala umoba ezindaweni ezinesithwathwa, tshala manje hayi ngo-Mbasa

April / Mbasa 2008

S	M	T	W	T	F	S
		1	2	3	4	5
6	7	8	9	10	11	12
13	14	15	16	17	18	19
20	21	22	23	24	25	26
27	28	29	30			

- Ubuhle bomoba bubalulekile kakhulu. Qala ukuhlala ngokusezingeni eliphezulu. Ukuphondla umoba ngendlela nokunqamula amathophisi ngokuyiko kuyasiza futhi qikelela ukuthi siba sifishane isikhathi phakathi kokuhlala nokuthumela umoba emshinini
- Amasisu ahlelelwe ukubulawa umoba nalawo ahlaselwe isihlava (eldana) mawahlalwe kuqala

May / Nhlaba 2008

S	M	T	W	T	F	S
				1	2	3
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28	29	30	31

- Isinqumo sokuthi iwaphi amasisu ozowashisa nozowa-phundla/hluba kumele ngabe ususithathile – ukuphondla/kuhluba umoba konga umswakamo kunqande nokhula
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini akho azotshalwa nakulawo asehlahlilwe, uwathumele kwa-SASRI

June / Nhlanguvana 2008

S	M	T	W	T	F	S
1	2	3	4	5	6	7
8	9	10	11	12	13	14
15	16	17	18	19	20	21
22	23	24	25	26	27	28
29	30					

- Hlola onke amabhande omlilo ukuqinisekisa ukuthi anele futhi aphephile
- Nquma ukuthi uzolwenza kanjani uhlelo lokuchitha umoba onezifo noxubile epulazini lakho. Okokuqala, sungula umbhede. Hlela ukutshala ngokushesha. Bekisa imbewu ozoyitshala
- Bulala izinhlaseli ezithikameza imvelo bese utshala imithi yemvelo

July / Ntulikazi 2008

S	M	T	W	T	F	S
		1	2	3	4	5
6	7	8	9	10	11	12
13	14	15	16	17	18	19
20	21	22	23	24	25	26
27	28	29	30	31		

- Ukufaka isikhuthaza kumele kuqale ngo-Ncwaba ngakhoke qinisekisa ukuthi usunawo amanyolo okuyiwo nesibalo samasaka okuyiso nokuthi okokuwufaka kusesimweni
- Lesi isikhathi sokubulala amavolontiyi emasimini alindele ukutshalwa – qinisekisa ukuthi uyawamba uwasuse ensimini ngaphambi kokutshala ngoba angathwala izifo

August / Ncwaba 2008

S	M	T	W	T	F	S
31					1	2
3	4	5	6	7	8	9
10	11	12	13	14	15	16
17	18	19	20	21	22	23
24	25	26	27	28	29	30

- Onke amasisu asehlahlilwe adinga isikhuthaza ku-Ncwaba no-Mandulo, qinisekisa uyakwenza loku ngokushesha
- Tshala emva kwezimvula zokuqala. Ngabe imbewu yakho isihloliwe? Ingabe unayoyimvume yabezifo nezinzambuzana (P&D) yokusebenzisa lembewu yakho?
- Ezindaweni lapho isifo I-Mosaic siyinkinga khona, ukutshala kumele kusheshe kuqale futhi kuphele engakafiki u-Zibandlela

September / Mandulo 2008

S	M	T	W	T	F	S
	1	2	3	4	5	6
7	8	9	10	11	12	13
14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27
28	29	30				

- Umswakamo ubalulekile ngenkathi kutshalwa. Vula izisele zakho maduzane ngaphambi kokutshala uzigqibe ngokushesha emva kokutshala. Zingajuli kakhulu izisele zakho
- Khumbula ukuthi imbewu enganzifo, engu-ngqo ibalulekile futhi kumele ngabe isihloliwe yaphasiswa njengamanje
- Uma ungalugcina upayi/itashi, lusakaze/lundlale insimu yonke ngokulinganayo emva kokuhlala. Loku kuzolekelela ukunqanda ukhula

October / Mfumu 2008

S	M	T	W	T	F	S
			1	2	3	4
5	6	7	8	9	10	11
12	13	14	15	16	17	18
19	20	21	22	23	24	25
26	27	28	29	30	31	

- Hlola insimu ngayinye masonto onke ukuze wakhe uhlelo lokuhlakula.
- Amasisu aseduze nomgwaqo nasehlalathini washiyele ukuwahlala ngenkathi kumanzi
- Bhalisela uqeqesho ozodinga ukulwenza ngenkathi umshini uvaliwe. Kunoxhaso kulezifundo, thintana nekomiti labalimi endaweni (MCC)

November / Lwezi 2008

S	M	T	W	T	F	S
30						1
2	3	4	5	6	7	8
9	10	11	12	13	14	15
16	17	18	19	20	21	22
23	24	25	26	27	28	29

- Qinisekisa ukuthi awuwashiya amasisu ahlaselwe yisihlava (eldana) ukuwahlala ngonyaka ozayo
- Isiwumba (smut) isifo somoba esiyinkinga. Imbewu engenzifo nokumbiwa kwezixhanti ezinesifo kubalulekile ukunqanda lesisifo
- Ungavumeli ukhula oluwutshani luze luxhante ungalalufuthi ngomuthi
- Kumele ube usuqedile ukutshala ezindaweni ezinokuhlalwa isifo I-Mosaic

December / Zibandlela 2008

S	M	T	W	T	F	S
	1	2	3	4	5	6
7	8	9	10	11	12	13
14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27
28	29	30	31			

- Leli ithuba lakho lokugcina ukuba uhlale umoba ohlaselwe isihlava (eldana) ngaphambi kokuba umshini uvale.
- Qinisekisa ukuthi ukhula ulunqobile ngaphambi kokuba abasebenzi baye eholidini.
- Ukutshala makube sekuphelile ngomhla ziwu-15 kuZibandlela